

## Story Study Facilitator Resource Pack: Come back, cat!

---

**Imiyalelo kaThisha:** zifundele lezigaba ezilandelayo ngaphambili kokuba nenkulumo ngemibuzo nabantwana. Lokhu kuzokusiza ukuthi imibuzo uyibuze ngokuzethemba, nokuthi lemibuzo uyisebenzise njengamathuluzi okusiza abantwana bathole ukuthi kwenzekalani endabeni nokuthi iziphi izifundo abangazithola kuyona. Ngokubusa imibuzo nokuthi abantwana baqhamuke nezimpendulo, ukufunda kwabo kuzobamnandi futhi kube yimpumelelo ngaphezulu kokuthi uvele ubanike zonke izimpendulo. Uma beba nobunzima ekutholeni izimpendulo, sebenzisa lezi zigaba ezilandelayo ukubasiza bagxile endleleni efanele.

### Indaba ifingqiwe

Inganekwane ejabulisayo emayelana nekati elizimele! Noma kona leli kati lingabukeki lithakasela ukulalela imiyalelo...libukeka lithakasele kakhulu ukuganga nokujabulisa. Manje kungani sevele libuyela kolala embhedeni wakhe ngokujabula? Futhi iphi leyankukhu?

### Okuqukethwe

- Funda indaba
- Imibuzo ngxoxo
- Umsebenzi wokufunda 1: Yakha ikati lakho eliwu-3D (elibonakala wonke amacala)
- Umsebenzi wokufunda 2: Yakha uchungechunge wokudla (food chain)
- Umsebenzi wokufunda 3: Crunched Crayon Resist
- Umsebenzi wokufunda 4: Ikat lobuciko bokuphephetha upende
- Umsebenzi wokufunda 5: Yakha ikati ngezimo ezahlukene
- Umsebenzi wokufunda 6: Yakha i-collage yekati

### Funda indaba

Ngaphambi kokufunda incwadi, bheka ingaphandle layo bese ubuza abantwana ukuthi uma becabanga indaba ingani. Nanka amathiphu angakusiza ukuhlalha indlela ngaphambili, phakathi nangemumva kokufunda incwadi:

- Banikeze isikhathi esanele ukusho abakucabangayo nabakuzwayo.
- Chitha isikhathi esanele ekhasini ngalinye bese uchaza ukuthi kwenzakalani.
- Buza imibuzo ngokwenzekayo esithombeni ngasinye.
- Uma usuqedile ukufunda, buza abantwana ukuthi yini abayithandile ngendaba.
- Buza eminye emibuzo esohlwini olungezansi (khetha imibuzo ebukeka ihambisana nomtwana/inqembu labantwana onabo).
- Enza isiqinisekiso sokuthi **wonke umuntu** uthola ithuba lokubusa nokuphendula imibuzo. Ungavumeli labo abakhulile, abanokuzethemba okukhulu nabanomsindo ukuthi kube ibona kuphela abaphendulayo.

### Imibuzo ngxoxo nezihloko

**Imibuzo yokuqondiswa ongayibuza abantwana- Lemibuzo yakhelwe ukubona ukuthi abantwana bayiqondile yin indaba:**

## Story Study Facilitator Resource Pack: Come back, cat!

---

- Linjani umbala ikati? Usuke walibona kuphi phambilini?
- Adlani amakati? Ingabe adla izitshalo, inyama, noma kokubili?
- Ikati liwasebenzisela ini amadevu alo?
- Kunjani ukuziphatha kwekati ekhasini lokuqala uma ubuka amehlo alo?
- Lixhumana kanjani ikati nezilwane elihlangana nazo edleleni?
- Zingaphi futhi eziphi izilwane ikati elihlangane nazo?
- Kwenzekani ikati uma libona inkukhu?
- Lazizwa kanjani ikati uma selihlangane nenkukhu?
- Ikati lisichitha kuphi isikhathi salo esiningi?
- Lilele kuphi ikati?

**Imibuzo ngxoxo ongayibuza abantwana – Lemibuzo yakhelwe ukusiza abantwana bacabange bucayi noma ngokwehlukile ngendaba bese beqhamuka nawabo amacebo nemibono:**

- Ingabe lelikati ligangile noma lifuna ukwazi? Kungani ucabanga kanjalo?
- Ingabe ikati laliwumngani wenkukhu? Kungani usho njalo?
- Ekugcineni kwendaba, ubona ikati linesisu esikhulu nezimpaphe ezindizayo. Uma ucabanga kwenzekeni enkukhukhwini? Kungani ucabanga kanjalo?
- Ikati lizizwa kanjani ekugcineni kwendaba?

### Umsebenzi 1: Yakha ikati lakho eliu 3D.

- **Okudingayo:**
- Ibhulashi lokupenda
  - Upende (umbala osawolintshi (orange) ukulenza lifane nelisencwadini noma omuphi umbala uma ungenawo osawolintshi)
  - Iphepha
  - Iglu
  - Igobhozi lethishu
  - Isikelo
  - Indishi enamanzi
  - Ipeni lomsizi

**Umsebenzi:** kulumsebenzi abantwana bazokwenza ikati labo elenziwe ngegobhozi lethishu elizofana naleli elisencwadini noma benze elabo uma ungekho umbala ofana nosencwadini.

1. Umntwana ngamunye uzodinga igobhozi lethishu, ibhulashi lokupenda, upende, amapeni ayimibala noma amakhrayoni, iphepha, glu, nesikelo.
2. Penda igobhozi lakho lethishu ngombala osawolintshi noma usebenzise noma omuphi umbala. Iyeke yome.
3. Gobisa icala elilodwa legobhozi libheke phansi, bese ugobisa leli elinye icala libheke phansi ukwenza amadlebe ekati.
4. Sika ngezansi ekugcineni kwegobhozi bese ugobisa kubheke phezulu ukwenza umsila wekati.
5. Ephepheni, dweba izindilinga ezimbili ezincane bese ufaka amacashazi amanyama phakathi kwezindilinga ukwenza amehlo ekati.
6. Ngokucophelela sika amehlo bese uwanamathisela kwigobhozi lethishu (uma upende sewomile).

## Story Study Facilitator Resource Pack: Come back, cat!

7. Sebenzisa amapeni ayimibala noma amakhrayoni ukudweba imigqa nekhala lekati.

### Umsebenzi 2: Yakha uchungechunge lokudla (food chain)

➤ **Ozokudinga:**

- Ikhophi ye “build a food chain”
- Amakhrayoni/amapeni ayimibala
- Ipeni lomsizi/ipeni
- Isikelo

**Umsebenzi:** Xoxa nabantwana ukuthi yini i-food chain, nokuthi yini enhle nembi ngayo. Tshela abantwana ukuthi sonke siphila ngenxa yomunye ngamunye. Lokhu kusho ukuthi kufanele sikhombise inhlonipho NOBUNTU kuyona yonke into ephilayo. Khombisa abantwana I food chain lapho bezobona khona lokhu bese uyachaza ukuthi kwenzeka kanjani lokhu empilweni.

Bagqugquzele ukuthi babuyekeze ulwazi obanike lona bese wenza isitephu ngesitephu nabo.

1. Faka imibala ezithombeni ze “build a food chain” ephrintiwe.
2. Sika bese unamathisela izithombe lapho kufanele zibe khona kwi food chain.
3. Qeda bese wethula umsebenzi wakho.

### Umsebenzi 3: Crunched Crayon Resist

➤ **Ozokudinga:**

- Iphepha
- Amakhrayoni ayikhandlela
- Upende oxutshwa namanzi
- Ibhulashi lokupenda
- Ipeni lomsizi
- Irabha

**Umsebenzi:** Kulomsebenzi abantwana bazobheka ubuciko obahlukahlukene. Uresist usho ukuthi umdwebo wamakhrayoni uzodudula upende onamanzi, ngakho upende awuzuhlangani nalengxenye yesithombe enamakhrayoni. Ngokuligoqa nokuhlofoza iphepha lakho elinomdwebo upende uzohlala lapho kuqhekeke khona.

1. Dweba ikati lakho bese ulikhrayona ngama khrayoni ayikhandlela.
2. Sebenzisa amakhrayoni ekhandlela, khrayona ingemuva lekati lakho ngemibala ehlukene.
3. Hlofoza iphepha, livule bese uphinda uyalalihlofoza futhi.
4. Vula iphepha lakho elihlofoziwe, bese ulipenda lonke ngopende abehlukene abanamanzi.
5. Liyekile bese wethula umsebenzi wakho.

### Umsebenzi 4: Ikat lobuciko bokuphephetha upende

➤ **Ozokudinga:**

## Story Study Facilitator Resource Pack: Come back, cat!

---

- Ikhophi ye-kati
- Into yokushitsha ukudla umbala (Food colouring)
- Amanzi (250ml)
- Isimunco (Straw)
- Indishi/ inkomishi/ingilazi encane engenalutho

**Umsebenzi:** Yakha ubuciko ngokuphephetha ubende onamanzi ephepheni usebenzisa isimunco (straw). Ungasebenzisa lopende ophephethiwe ukwenza izinto ezifana nezinwele zekati lakho.

1. Ephepheni, dweba isimo sekati noma usebenzise leli olinikiwe.
2. Xuba amaconsi ento yokushintsha umbala wokudla namanzi enkomishini encane.
3. Sebenzisa isimunco ukubeka amacashazi a-inki kumdwebo wakho bese uyaphetha usebenzisa isimunco noma umlomo.
4. Yeka yome bese wethula ubuciko bakho.

### Umsebenzi 5: Yakha ikati ngezimo ezahlukene

➤ **Ozokudinga:**

- Amakhrayoni
- Isikelo
- Amaphepha amathathu
- I-glu
- Ipeni lomsizi
- Irabha
- Imakha

**Umsebenzi:** Xoxa nabantwana ukuthi eziphi izimo ezakha ikathi—isibonelo, unxantathu ukwenza amadlebe.

1. Dweba izimo ezahlukene ephepheni (isikwele, onxantathu ababili, onxande ababili, izindilinga ezimbili, kanye nohlamu 'S' ukwenza umsila) bese uzifaka imibala ehlukene.
2. Sika lezimo ezahlukene bese uyazihlanganisa uzinamathelise ukwakha ikati.
3. Qedela bese wethula ikati lakho.

### Umsebenzi 6: Yakha i-collage yekati

➤ **Ozokudinga:**

- Amaphephandaba/ amabhuku
- I-glu
- Iphepha
- Ipeni lomsizi

**Umsebenzi:** Buza abantwana ukuthi bangathanda ukuthi amakati abo abawasungulile abukeke kanjani uma kungathiwa abawakhe ngamabhuku namaphephandaba. Angaba namiphi imibala futhi angashintsha kanjani ukuze aphile? Uma sebeshilo amacebo, bhekani izitephu ukuthi bangaba kanjani nobuciko benze

## Story Study Facilitator Resource Pack: Come back, cat!

---

awabo amakati ngokusebenzisa izithombe zamaphephandaba ehlukene namabhuku. Beseke uyabasiza ukwethula abakwenzile.

1. Dweba isimo sekati ephepheni.
  2. Khetha izithombe/amakhasi ebhukwini/ kwiphephandaba bese uyawadabula abe izingcezu ezincane.
  3. Namathelisa zonke lezingcezu zebhuku/phephandaba kwisimo sakho sekati. Sebenzisa imibala ehlukene oyithole ebhukwini noma kwiphephandaba ukwakha ikati lakho.
- 

*Thanda is a non-profit organisation based in rural Mtwalume, KwaZulu Natal South Africa. Our curriculum is made up of activities that we have developed over 12 years. The ideas and inspiration for our activities come from a wonderful combination of educators, books, websites, YouTubers, and other places and people on the internet. We are very grateful for all of them. Where we use ideas or activities directly from a source, we always endeavour to give credit to the creator. We do not endeavour to profit from these story studies, we only wish to add value to the lives of people we may have the opportunity of crossing paths with.*

| [www.thanda.org](http://www.thanda.org) | [info@thanda.org](mailto:info@thanda.org) |

---

Name \_\_\_\_\_ Date \_\_\_\_\_

### Build a Food Chain

Cut out the pictures on the right.  
Glue them to make a food chain.



